

**UKWETHULA UHLA LWEZOMTHETHO LWE-CENTRE FOR
CRIMINAL JUSTICE ILUNGELO LAKHO LOKUNGABI
YINKUBELA YODLAME LWASEKHAYA**

Siyini isenzo sodlame lwasekhaya?

Ukuhlukumeza ngezikhwepha

Lokhu kusho noma yisiphi isenzo sesihluku noma ukwesabisa ngesihluku okubhekiswe kumuntu okhlazayo.

Ukuhlukumeza ngokocansi

Lokhu kusho noma yikuphi ukuziphatha okuhlukumeza noma kwehlise isithunzi sobulili balowo okhalazayo.

Ukuhlukumeza ngokomphefumulo, ngamazwi noma ngokwengqondo

Lokhu kusho indlela yokuphatha ezenza sanqubo eyehlisa isithunzi iphoxe lowo ofaka isikhalo futhi ibandakanya:

Ukwethukwa nokuchukuluzwa njalo;

Ukwesabisa njalo okudala ukuhlubuka komphefumulo;

Ukukhuselwa okweqile okuqhutshwa wumona/isikhwele esihlukumeza ingasese lomuntu kanye nokuzizwa ekhululekile noma ephephile.

Ukuhlukumeza ngokomnotho

Lokhu kufaka:

Ukuncisha noma ukuguba omunye umnotho noma imali amele ayithole ngokwelungelo elisemthethweni;

Ukuncisha noma ukuguba ngamabomu lowo okhalayo umnotho noma imali okumele ngabe uyayithola ngoba eyidinga;

Ukuguba omunye izidingo zasekhaya/zendlu, ukukhokhela umuzi othengiwe, ukwala ukukhokha intela yokuhlala lapho abantu behlala ndawonye;

Ukudayisa noma ukulahla impahla omunye ayithandayo noma ayidingayo ukuze umlaye.

(Lokhu kusho ukudayisa impahla ethengwe ngomunye noma ayikhokhela ingxenye naye lapho ithengwa ngakho iyigugu kuye ikakhulu ngokwemithetho yemishado.)

(Umnotho nezimali kusho imali, umholo, izimali ezilondolozwe noma ezizaliswayo.)

(Ukuthengwa komizi imali ebolekwe ebhange yokuthenga umuzi, isikwelethu kanye nenzalo yebhange, kuyimali ekhokhwa kancane kancane imihyaka eminigi.)

Ukwesabisa

Kusho ukuhlukumeza wesabise omunye azizwe esaba, lokhu kungaba ukukhuluma, noma ukuthumela umlayezo owenza okhalazayo azizwe enokwesaba.

Ukuzenza isicefe (harrassment)

Ukuziphatha ngendlela eyenza ofaka isikhalo azizwe enokwesaba ukulinyazwa okungafaka:

Ukuzulazula eduze noma ngaphandle kwalapho kuhlala noma okusebenza khona ofaka isikhalo ngisho nalapho enebhizinisi noma efunda khona;

Ukushaya ucingo noma ucele omunye ashaye ucingo ngisho noma ungakhulumanga naye lokho wukhulumumeza;

Ukuthumela izimpahlana, izincwadi ezithunyelwa ngocingo, kanye nanoma yini nje kulowo okhalazayo.

Ukunyonyobela/ulandele njalo

Lokhu kwenzeka lapho ulandela, unyonyobele noma ubhekane ngqo nalowo ofaka isikhalo.

Ukucekela phansi impahla

Ukucekela impahla phansi ngamabomu uma kungeyalowo ofaka isikhalo sokuhlukunyezwa noma kuyileyo anokuthle ngobukhona bayo (interest).

Ukungena lapho kuhlala khona lowo okhalazayo ngaphandle kwemvume yakhe

Lokhu kwenzeka lapho omangalelwayo nokhalazayo bengahlali ndawonye.

Noma iyiphi indlela ehlukekileyo yokuziphatha kwalowo okukhalwa ngaye

Lokhu kusho leyondlela yokuziphatha engahle ibangele isihluku okubandakanya ukuphepha, impilo kanye nje nobunjalo bomuntu.

Ngubani othinteka ngodlame lwasekhaya?

Lowo ofaka isikhalo lona ngumuntu ohlukunyezwayo ebudlelwaneni basemndenini.

Okhalazayo kungaba yinoma wubani ngisho ingane ephansi kwesandla somuntu:

Osebudlelwaneni bomndeni nalowo ohlukumezayo;

Noma okade esebudlelwaneni bobundeni nalowo ohlukumezayo;

Futhi okade ehlukekileyo yilowo omangalelwayo;

Noma okusolakala ukuthi kade ehlukekileyo yilowo omangalelwayo (okungukuthi akukafakaziswa atholwe enecala lokuthi ukwenzile).

Ngabe Wubani Owenza Izenzo Zobudlova Ekhaya?

Yilowo ohlukumeza omunye ebudlelwaneni bobundeni. Ummangalelwa kungaba yinoma wubani osebudlelwaneni bobundeni noma okade esebudlelwaneni bobundeni futhi owenze isenzo noma osolwa ngokuthi wenze isenzo sokuhlukumeza lowo okhalazayo.

Ubudlelwano bomndem phakathi kommandla nommandla.

Ubudlelwano bobundeni busho:

Abashadile ababeshadile noma ababekade beganene:

ngokwanoma yiluphi uhlobo lomendo

Abahlala ndawonye ebudlelwaneni obufuze obomshado:

kungaba abobulili obufanayo, noma obungefani.

Bangabazali bengane:

noma bangabantu abanejoka lobuzali enganeni. Kumele ukuthi babenalelijoka kanyekanye enganeni.

Bangamalunga omndeni:

okungukuthi bahlobene ngegazi noma ngokomendo

Babethembisene noma basethembisene umshado:

noma ngabe basathandana ngisho nangokwesintu noma kusolwa nje ngisho noma okwesikhathi esingakanani

Abahlala noma ababehlala endaweni eyodwa:

okusho ukuthi babehlala phansi kophahla olulodwa.

Ungazivikela Kanjani Ekuhlukunyezweni?

Isinqumo Senkantolo:

Lowo ohlukunyezwayo angafaka isicelo enkantolo ukuze athole isinqumo sokumvikela futhi lesisicelo singenziwa nganoma sikhathi sini ngisho nangaphandle kwesikhathi sokusebenza ngisho nangezinsuku okungasetshenzwa ngazo enkantolo.

Ngesikhathi inkantolo ikhipha isinqumo iphinda ikhiphe nemvume yokuthi lowo ohlukumezayo aboshwe. Lowo ohlukumezayo uyoboshwa uma eqhubeka nokuhlukumeza lowo okhalazayo.

Icala Lobugebengu

Lowo ohlukunyezwayo angafaka icala lobugebengu uma lowo omangalelwayo esebenzise isihluku.

Wubani Onomthwalo Yokusiza Lowo Ohlukunyezwayo?

Noma wubani osembuthweni wamaphoyisa kumele asize lowo okhalayo nganoma iyiphi indlela amele ukuthi asizwe ngayo. Lokhu kufaka ukumsiza athole indawo yokukhosela, futhi athole ukwelashwa.

Lonke ilunga lombutho wamaphoyisa kumele linike okhalayo ulwazi mayelana namalungelo akhe lapho kwenzeka khona isihluku noma emva kokuba kwenzekile uma sekubikwa.

Kumele futhi achazele okhalayo ukuthi isexwayiso siphethe maphi amalungelo alowo okhalayo. Lencazelo kumele ifake nezixazululo eziphansi komthetho ka-1998 owengamele

ukhlukunyezwa emndenini ngisho nokuthi lowo ohlukunyeziwe angafaka icala lobugebengu lapho elinyaziwe.

Unobhala Wenkantolo Kumele ayale okhalayo ngezixazululo ezikhona emthethweni phansi komthetho ka-1998 uma engenaye ummeli ngisho nokufaka icala legazi lapho elinyaziwe.

Ufuna Ukwazi Kabanzi Ngamalungelo Akho Ukuze Ungabi Yinkubela Yesihluku Sasemndenini?

Isibonelo:

Uma ufuna ukwazi ukuthi ungayisebenzisa kanjani incwadi egunyaza ukuboshwa ekhishwa lapho kwenziwa isinqumo;

Ukuboshwa kwalowo owenze isenzo sobudlova ngaphandle kwencwadi egunyaza ukuthi aboshwe;

Ukwazi ngabantu abangafaka isicelo lapho lowo ohlukunyezwayo engakwazi;

Ukwazi ngokukhishwa kwesinqumo senkantolo esivikela lowo ohlukunyezwayo;

Ukuthathwa kwezibhamu noma izikhali eziyingozi kulowo ohlukumezayo;

Ukwazi ngesinqumo senkantolo esiphathelene nemali esenziwa yinkantolo lapho ikhipha isinqumo sokuvikela lowo ohlukunyezwayo.

Umthetho Ngodlame Lwasekhaya unombolo - 116 ka-1998 ubhalwe ngolimi oluzwakalayo ukuze uzoqonda futhi wazi namalungelo akho ngisho nemibandela okumele uyigcine.